**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ B.H. CELE YOKUPHOTHULWA KWEZIFUNDO ZE-ICDL MHLAKA 20 MARCH 2009.**

**Ngiyanibingelela nonke**.

- Nakuba singuMnyango othathwa njengophambili, asikwazi ukubalekela umlando wethu, umlando wokungathuthukiswa nokushaywa indiva. Ngakho-ke, ngenkathi siphila ezweni elikhululekile, sidinga ukuhambisana nomhlaba wonke ikakhulukazi kwezobuchwepheshe.

- Emshikashikeni wethu wokwakha kabusha nokuthuthukisa izwe lethu kule minyaka engu-15 edlule, kunezinselelo ezintsha eziqhumukile zadinga ukubhekwa ngokushesha. Enye yalezi zinselelo kube ukulethwa kwezidingo kubantu.

- Okubalulekile ekuphumeleleni kwezwe lethu isidingo sokugxilisa nokuqinisa intando yeningi, ukuze siqhubeke nokwakha isiko lokuhlonishwa kwamalungelo esintu, ukulwa nobubha nokusebenzisa amasu kwezobuchwepheshe ukwenza ngcono izimpilo zabantu.

- Kuyacaca ukuthi ngokwabelana ngolwazi nemibono ngezobuchwepheshe kusho ukuthi uMnyango wezokuThutha usukulungele ukubhekana nokungalingani okukhona, ngokusebenzisa ulwazi lobuchwepheshe ekuthuthukisweni kwengqalasizinda yezokuthutha.

- Izinguquko ezisheshayo kwezobuchwepheshe ziyabathinta kakhulu abasebenzi emkhakheni wezokuthutha. Ngalezi zinguquko, kubalulekile ukuthi abasebenzi emkhakheni wezokuthutha babambe iqhaza ezifundweni zokubacija ngamakhono.

- Ukhiye wokuthi sihlale siphumelela usekutheni sicije abasebenzi bethu ngolwazi namakhono. Ngihlale ngisho ukuthi kujwayelekile ukuthi ishayeke indiva indaba yamakhono akhona ngaphakathi ezinhlakeni ezithile. Kodwa lo Mnyango awukwazi ukusonga izandla uyekelele lokho kwenzeka ikakhulukazi uma sisabhekene nenselelo yokulinganisa ukukhula komnotho namakhono.

- Inqubo yobandlululo yaholela ekutheni sibe nemiphakathi engenawo amthuba yangathola ukuqeqeshwa kahle ezifundweni njengeMathematics neScience. Lokhu sekuholele ekuntulekeni kwabantu abanamakho kwezokuthutha kule miphakathi.

- Uhulumeni wethu uyakuqaphela ukuthi ukuntuleka kwengqalasizinda yomgwaqo kuvimba imisebenzi yamabhizinisi, ukufinyelela kwezempilo, izikole nokunye okuyizidingo zomphakathi. Kuyiqiniso ukuthi uhulumeni walesi fundazwe ugcizelela ukuntuleka kwemigwaqo njengento edala ububha emiphakathi.

- Yingakho-ke uhulumeni ophethe uqhamuke namaqhinga azoqinisekisa ukuthi kunabantu abaqeqeshiwe bazo zonke izinhlanga kuyo yonke imikhakha yezokuthutha.

- Namhlanje sihalalisela asebephothule izifundo ze-International Computers Driver's Licence (ICDL) neze-Field Support Officer Programme. Lokhu kukhombisa impumelelo yesikhungo sethu iT² Training Centre ekuletheni amakhono adingwa ngabaqashi kubasebenzi.

- Lolu hlelo lwe-ICDL lubhekene nokuthuthukiswa kwamakhono ekhompyutha kanti luhlonishwa ezingeni lomhlaba futhi lwenza lula ukusebenzisana phakathi komqashi nomsebenzi. Kusukela iqalile ngoMarch 2006 i-ICDL isiqeqeshe abasebenzi abangaphezulu kuka-310 boMnyango. Namhlanje siphothula abangu-124 abaqeqeshwe emazingeni ehlukene.

- Ngo-2007, iT² yakhe uhlelo lokufundisa ama-Field Support Officers izinyanga eziyisithupha. Isikhundla se-Field Support Officer sakheka ngenkathi kuhlanganiswa izikhundla ze-Road Works Foreman neZibambele Officer. Lokhu kwenza ukuthi kube nomuntu oyedwa ozobheka ukusebenza kwethimba loMnyango nosonkontileka bakaZibambele.

- Njengamanje iT² Centre isiqeqeshe abasebenzi abangu-44 emaqenjini amabili, abangu-20 bayaphothula namhlanje. Iqembu lesithathu labafundi abangu-21 liyaqeqeshwa sikhuluma nje.

- Inhloso yethu ukuthuthukisa amakhono nokwenza amasu okugcina abasebenzi behleli emnyangweni ukuze uMnyango ube sesimweni sokwenza umsebenzi othunywe wona futhi ube uqhubeka nokwenza izinguquko zoMnyango.

- Mangiphethe ngokuthi kuyakhuthaza ukubona nisebenzisa izinhlelo zethu zokunilekelela, nithathe ithuba lokuzitholela amakhono nolwazi oluzonenza nikwazi ukuzibhekela ikusasa lenu.

**NGIYABONGA.**